OKUSHA NGO NEIL KEENAN /umuntu wangaphakathi e Asia uncenga u Keenan: Vula umnyango

http://neilkeenan.com/neil-keenan-update-asian-insider-pleads-to-keenan-open-the-door/

17 Nhlolanja 2017

Owangaphakathi e Asia uyakhuluma

Ngiyabingelela futhi.

Benginomuzwa wokuthi ngingase ngibuye futhi ngibuyele impinda, kodwa bengithemba ukuthi okusobala bekuzobe sekwenzekile ngaphambi kwamanje.

Akusenamsebenzi-ke, okusuka kulomuntu okhathele ofunde entshonalanga wathola iziqu ehlala e Asia, ngingathi akukho egazini lami ukuthi ngingayeka izinto ezijahekile nezisemqoka ezidinga ukubhekwa ukuze sisindise umhlaba. Uyabona nginomndeni omuhle kanye nekhaya la e Asia, futhi ngifuna ukukugcina lokhu engibusiswe ngakho.

Uma uyingqinamba njengoba u Neil esho, udinga ukuba ususwe

Emva kokuba ngifunde indaba yase Malaysia esandakubhalwa u Neil ne group yakhe, ngacishe ngawa phansa esihlalweni. Emqondweni wami kwafika isithombe sezinto ezingase zenzeke uma ngingase ngife, “Cha hhayi lokhu! Ngizothatha ipeni lami (computer) ngikhulume ngezinto futhi. Ngisho noma ngabe yinto yokugcina engiyenzayo ngizokusho engifisa ukukusho”

Yabona ngiyayazi I Malaysia, ngiyazi njengemuva lesandla sami. Ngazi u Prime Minister omdala Mr. Mahathir, ngazi umngani ka Keenan u Alex Li Ling Soon ongumnini wezimayini zegolide e Kalimantan e Indonesia. Ngazi umngani ka Mr. Benjamin Fulford uMr. Kawase owayengafuni ukuba omunye wabathathu abenza isgungu se **white dragon**. U Mnumzane. Mahathir wayewumphathi omuhle futhi usabheke ukuba aphindele kwezombusazwe nakuba esegugile.

Kwezombusazwe selokhu kwathi nhlo ngiphakathi noma nginomndeni. Ngakhoke uma ngibona izinto zenzeka enginolwazi ngazo, kungakhulunywa iqiniso ngazo, mina, nakuba ngimdala, nginawo amandla okulungisa okungalungile.

Izinto kumele zibikwe njengoba zinjalo, kungafihlwa lutho.

Angichemile, ngikholwa ukuthi abantu njalonje kufunakala bathole okungcono kunalokhu abakutholayo. Singabantu bomhlaba, simunye,kumele sibona sonke ngokushesha ukuthi sisenkingeni ukuze sikwazi ukusizana siphume kuyona.

Ababhali bayabhala nje kuphela izindaba. Bakutshela abakucabangayo; kodwa bangakutshela kanjani ngento abangeke bakwazi nokuyicabanga, ngalesosikhathi-ke banyathela, bangcolise, izindaba ezinhle. Abafundisiwe ukucwaninga izehlakalo uma bengenawo amaqiniso abangasebenza ngawo.

Lokho isona sizathu sokuba ngibhala, nginike ulwazi. Okunye ukuthi ngikhulume no Mnumzane Keenan neqembu lakhe.

Ngingaqala ngikhulume ngokuhle noma ngokubi? Ofuna ukuzwa okuhle noma okubi? Ngiphosa imali phezulu okubi kwawina.

Manje sizoqala ngombhalo wokugcina ka Mnumzane Ben Fulford, ozwakala ujwayelekile kokushiwo u Mnumzane Neil Keenan ngokuhlaselwa kwe Sarinah Mall eJakarta. Lowombhalo wakwenza kwaba sobala ukuthi u George Soros uyena oxhasa amaphekula ngezimali nokuthi ayefundiswe eSyria hhayi e America nakuba nayo I America inazo izindawo zokufundisa amaphekula. Phinde ukufunde futhi noma uye ku Google ukuze uthole igama lalelipheku la elafunda eSyria laselichitha isikhathi emajele ase Indonesia ogama lakhe lingu Bahron Naim.

Yileliphekula elalibandakanyeka ekuqhumeni kwase Sarina Mall. U Mr. Keenan akagcinanga nje ngokuthi u George Soros uyena oxhasa iqembu lamaphekula ngezimali, kodwa akaphindanga yini wakwenza lokho kwacaca bha? U Mnumzane Keenan akazanga akhulume yini ngokuxoshwa kuka Mnumzane Soros phambilini e Indonesia ngosizo lwakhe, ngalesisikhathi uSoros exhasa ngezimali iqembu lamaphekula yilapho amabutho ase Indonesia azungeza khona iVillage?

Mnumzane Fulford, izindaba zakho zindala. uMnumzane Keenan kungase kube wakutshela ukuthi hamba uzisebenzise. Ngingaqhubeka ukubhala, kodwa yini ngichithe isikhathi sami?

Kunezinto ezingcono kabi engingabheka kuzona njengo Mnumzane Keenan neqembu lakhe. Ngisuka kude kabi eminyakeni, ngisuka ekukholelweni, ngiya ekumangaleni lendoda neqembu layo abakwazi ukuthola ngayo ulwazi, kodwa njalo amehlo abo engasuki kwi Collateral Accounts. Amehlo nemiqondo yabo abalahlekelwa nakanye injongo yabo. Futhi uMnumzane Keenan akusuki engqondweni yakhe ukuthi impumalanga, ikakhukukazi i Indonesia, kade ihlukunyezwa intshonalanga iminyaka ewu 60 kuya kweyiwu 80. Abantu base Indonesia bazothola ukuphatheka kahle futhi bathole imbuyiselo ngokungaphatheki kahle abebekuthola esikhathini esedlule.

Manje wonke umuntu okufanele kumkhathaze, ukwehla kwe dollar lase Melika manje. Uma idollar lase Melika liwa, umklomelo wobe usumncane kubona bonke abantu, ngakhoke kufanele sisukumise lawomakhehla ngokushesha ukuze izinto zenzeke. Asebekuphathe ngaphezulu kweminyaka ewu 80 kufanele ukuthi sekukhule kakhulu, ngakhoke noma ubani ozwayo akabeluleke ukuthi isikhathi sesiphelile, futhi kuyasheshe.

Futhi lamathuba avaleka ngokushesha kumakhehla aseMpumalanga Java, abanganaki namunye okhathazeke ngama Collateral Accounts. Bakholelwa ukuthi akekho namunye obonayo ukuthi bafuna ukwenzani.

Kodwa konke okufanele bakwenze, ukubheka phezulu. Uma bemazi uNkulunkulu njengoba besho imigede le abayibhekile idluliswa yehliswa omdala komncane emndenini ukuyibheka. Futhi akumele bakuqonde ukuthi umndeni wethu awuvumi ukuthi noma ubani agudluze lomcebo ngaphandle kwemvume esemthethweni.

uMnumzane Keenan unayo leyomvume. Ngamanye amazwi sikubhekile, siyakubona, siyazi ukuthi usebenzisana nobani, ukhuluma nobani, udayisela bani, futhi sazikahle ukuthi igolide lethu liphi, noma lidayisiwe, ngazozonke izikhathi.

Siyakuxwayisa ukuthi yonke imininingwane nawowonke umyakazo siyakulandela!

Ngeshwa lababantu kade bethatha igolide ngalinye ngalinye emizamweni yabo yokuzuza ngomcebo wabanye abantu. Ningamakhehla noma amasela? Abagcini noma abanini?

Mhlambe kungaba kuhle ukuthumela elinye lama drone (ibhanoyi elithunyelwa ukwenza izinto ikakhulukazi ummbutho wezempi) ukuthi livakashele imindeni yenu? Akuyona into engeke yenzeke leyo, lokho kungenza ukuba umyalezo wethu ufinyelele ezindlebeni zabo ukuthi obani abankazii balomcebo.

Okungokwethu okwethu!

Akukona okwakho!

Ngiyaxolisa ngiphumile endleleni, kodwa lokukhathazeka kudingakala kubekwe obala. Siza uqonde uMnumzane Keenan ukuthi kusuka ngezinsuku ze Bretton Woods 1 no 2 intshonalanga isihlukanise juqu thina nomcebo wethu ngesikhathi, ibe iwusebenzisa lomcebo wethu ngokungekho emthethweni ukuze izuze yona.

Ngiyakuqonda lokhu Mnumzane Keenan ukuthi unawo wonke ama code amasha encwadi emnyama, ngakho thina, umndeni, siphephile. Isivumelwano sase Bretton Woods asisasebenzi kuwona wonke amazwe aseMpumalanga. Intshonalanga iphule ngamabomu yonke imithetho emiselwe izivumelwano, ngakhoke lokho kusenza sife. Sinomthetho wezizwe osho lokho. Nina base Ntshonalanga ninomuntu oyedwa okhuluma kakhulu, othi umele ibhange lomhlaba igama lakhe uKaren Hudes, othi umele iGlobal Collateral Accounts. Azi kahle ukuthi akahlangene nakancane nomcebo oseMpumalanga.

Mina njengami ngifisa ukubonga uMnumzane Keenan ngokusindisa iMalaysia ekuzibhubhiseni yona. Nokuthi avimbele ukuwa kwe dollar laseMelika obekuzoholela ekuweni kwamazwe amaningi omhlaba. uMnumzane Keenan neqembu lakhe sebesindise okuningi lapha emhlabeni ikakhulukazi kulezozindawo lapho besakholelwa khona kwi dollar lase Melika. Futhi njengegolide e South Korea, Thailand nase Indonesia, usindise umhlaba ngokuvimbela amazwe ekubulaleni iminotho yawo.

Uhwebo luka 14 trillion USD olusandakungaphumeleli, beluzoba ngaphezulu kokuba umhlaba ubungakwazi ukukumela njengamanje ngaphandle kokuthi kubulawe umcebo nya. Uma bekwenzekile bekuzoba iculo lethu lokufa.

Uma ngicabanga ngokulandelana kwezigigaba zika zeqembu lika K ezimangalisayo, abakuzuzile, nezinkinga abahlangabezana nazo, kuyangimangalisa ukuthi uMnumzane Keenan kwenziwa yini ahambe yedwa? Ngokwazi kwami, akathandi ukucela usizo komunye umuntu, futhi uyalinda aze aphume nendlela ethize ezomfikisa ekunqobeni. Ngoba ku Mnumzane Keenan izinto zishintsha njalo nengqondo yakhe isebenza ngokushesha akukho okuhlala kumi ndawonye. Uhlale ephambili ngamagxathi ayishumi njalo kwabamphikisayo. Angithandi ukucabanga ukuthi kungaba njani kuyena (kithina) ukuba wayengenjalo.

Kodwa le inkinga yomhlaba wonke, yethu, akusiyona inkinga ka Mnumzane Keenan yedwa, futhi okusempeleni, iseningi imali esadingeka ukuze lomsebenzi ufezeke. Uma ngabe usizo noxhaso lwezimali lolu oludingeka kakhulu lungaqhamuka, kulabo abathandayo nabanamandla okusiza, ngakhoke ukulinda kungaphela lomsebenzi uqedelwe .

uMnumzane Keenan akasiyena umbhali we blog, ungumuntu wezenzo, “indoda ebhubhisa iyodwa,” njengoba besho – osevule umnyango emva kweminyango, kaningi ningi ngemali engengakanani.

uNeil usesondele encithakalweni yezimali enezinombolo eziyisishiyagalombili, okubonakalayo ukuthi ayanele ukuthi yenze izinto zenzeke, futhi amukho umuntu ohlakaniphile ongalindela ukuthi lokhu kubenjalo. Izizwe eziningi esezichithe amabhiliyoni ama dollar zilwa lempi, kulelicala noma elinye akatholanga lutho uma kulinganiswa nokutholwe u Neil neqembu lakhe nezimali zabo ezincane. Kufanele umangale ukuthi bazama kakhulu kangakanani? Iqembu lika K kufanele liziqhenye, futhi lufune usizo, kodwa awuzwa ngisho omncane umsindo ngaphandle uma ungaphakathi.

Iqembu lakhe, omunye usanda kubabiza ngezindlavini, abakona neze lokho. Empeleni uhulumeni wamashayina kanye nabasebenzi be Pentagon, bathi iqembu lika K ilona elenza izinto zenzeke ngaphezu kwawowonke amaqembu alwela amalungelo abantu emhlabeni emhlabeni namuhla. Kodwa namanje leliqembu lisafuna izimali zokuba liqedele lomsebenzi, umsebenzi wethu.

SiyiMpumalanga, sinazo izimali. Sesilinde ngokubekezela cishe iminyaka eyikhulu ukuthi sisebenzise umnotho wethu, ngasosonke lesisikhathi sibona abaseNtshonalanga bewusebenzisa ngokungekho emthethweni, sibe sibuka abantu bethu belamba ibe iNtshonalanga idla ngezimali zethu kodwa manje sisebenomusa ngokwanele ukuthi sikhiphe isandla sifune ukusiza uMnumzane Keenan neqembu lakhe ukuze ekugcineni izinto zinyakaze njengoba kufanele ongabe kade zanyakaza – kodwa kuphela uma iNtshonalanga izivuma izono zayo. Izwe kufanele lizihlukanise nezigebengu ze Khabhal yaseNtshonalanga, abaphathi bamabhange, nabaholi abahlekisayo njengo Obama. Uma iNtshonalanga isikwenzile lokhu, ungaphumula.

Sizomsiza uMnumzane Keenan, kodwa le impi eyase Ntshonalanga. Ukukhumbule lokho!

Uma impi ingasuke iye empumalanga, ungathembela kithina ukuthi siyibambe ngokushesha.

Ungenza kanjani ukuthi uMnumzane Keenan acele usizo lwezimali? Ngeke acele, ngakhoke sizokwenzenjani?

Cabanga nje ukuthi yena ne qembu lakhe kuningi kangakanani abangakwenza ukuba nje bebenemali yokuqedela abebekujongile, okuwukuvula iGlobal Collateral Accounts. Impilo

ingaba lula kanjani, ikakhulukazi izinto ezingenziwa ukuze kuliswane ne Khabhal nenqubo yaseNtshonalanga.

Angikutsheli ukuthi yenzani ngemali yakho, kodwa ngaphandle kwaMnumzane Keenan ngabe imali yakho inyamalele ngesonto eledlule!

Ukusindisele yona. Usindise ne Malaysia. futhi akaze alindele ukubongwa.
Ngempela, qembu lika Keenan, niyisimangaliso sabantu abasebenza ngokuzwana bebophene ndawonye ukwenza izwe libe ngcono, futhi siyanibonga ngalokho. Umngani ka Keenan uMnumzane Drake Kent, usuku lwakho luyeza ngokushesha. Sikwazi ngoMnumzane Keenan.

Anginaqiniso ukuthi uMnumzane Keenan nequmbu lakhe bangakwazi ukuqhubeka basindise lomhlaba, kodwa kuze kube manje, basaphumelele kakhudlwana. Kobanjani uma imali isishoda, esehluleka? inNtshonalanga yonke yolala ngomqolo, kanjani? Ngoba sithembele kuMnumzane Keenan ngezimali zakhe ukuthi enze lomsebenzi. Mhlambe sekuyisikhathi sokuba sisize ngoba sesiya emaphethelweni alomgwaqo.

Sizoba abanqobi noma abahlulwa kodwa ngeke nonke nibe ngababukeli.

Ngiyaxolisa Neil funeka ubekwe endaweni yakho la ubusuvumela abanye bakuthwalise umthwalo. Abantu balindele wena ukuthi ucele usizo noma ungafuni ukucela.

Lobu ubuthakathaka bakho futhi, usuchithe izigidi ngezigidi zama dollar akho, lokhu sekungaphezulu kokwanele. Khohlwa vula umnyango wakho, ungenise abambalwa usenze siyiqede lento. Wonke umuntu ulindele isiphetho esihle.

Mnumzane Keenan ngibonisiwe ukuthi ngiphumele obala ngikhulume kanje. Sekuyisikhathi sokuthi siqede lomdlalo wokulinda! Akusekho ukuchitha isikhathi. Yonke into ihamba ngokushesha manje: lonke isekhondi, lonke I minithi –lonke I hora kukhona olahlekelwa othandiwe wakhe ngenxa yale ngwadla obhekene nayo.

Isikhathi asisabizi nje kuphela kodwa siyigugu. Ususithathe wasibeka la, siyathandaza ukuthi usithwale size sifike esiqalweni esisha, ebese uyekela izwe lakho Elisha liphefumule.

Siyabonga Mnumzane Keenan, ngakho konke wena neqembu lakho enikwenzayo. Impela anibona ababhali bama blog kodwa ningabenzi. Siyajabula sonke ukuthi niyitholile into enithanda ukuyenza, futhi ibandakanya ukusindisa, hhayi kuphela izimpilo zethu sonke, kodwa empeleni umhlaba wonke. Futhi kakhulukazi siyajabula, ngoba uthole abantu abasezingeni eliphezulu endleleni okuyibona asebengamalunga e qembu lika K

Ngiyabonga

Asian Insider

GROUP K LTD, PANAMA CITY
AUDACIBUS ANNUE COEPTIS

LOCATIONS: AUSTRALASIA, BULGARIA, DOMINICAN REPUBLIC, GERMANY, INDONESIA, JAPAN, PERU
SINGAPORE, SWITZERLAND, THAILAND.